

# Ifu Lothingo IweNkosazana

## Indaba kaMkabayi noMmama

Zanele Dlamini     Selina Morulane     Sibusiso Mkhwanazi

*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.*

*Ifu Lothingo LweNkosazana: Indaba kaMkabayi noMmama*
*(The Rainbow Cloud)*
Illustrated by Selina Morulane
Written by Zanele Dlamini
Designed by Sibusiso Mkhwanazi
Edited by Glynis Lloyd
Translated by Nonkululeko Nhlapo
with the help of the Book Dash participants in Cape Town on 19 November 2016.

ISBN: 978-1-77623-134-8

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

# Ifu Lothingo LweNkosazana



Zanele Dlamini Selina Morulane Sibusiso Mkhwanazi



Kudala emandulo, emhlabeni wamaZulu, inkosi uJama kaNdaba wayenamandla, enobuhlakani, elungile futhi enobubele.

Kodwa wayengenazo izingane futhi ekhathazekile ngokuthi akazukuba nayo indlalifa.

Wathandaza wenza neminikelo konkulunkulu kodwa akwenzekanga lutho.





Ngobunye ubusuku, ngesikhathi inkosi ilele, kwafika isangoma ngephupho.

“Onkulunkulu bakuzwile ukukhala kwakho futhi nendlovukazi izothola amawele. Elilodwa lizohola isizwe sakwaZulu kanti elinye lizokuba namandla emilingo,” kusho isangoma.

Azalwa amawele uMkabayi noMmama kodwa indlovukazi yamkhalela uMkabayi ngoba umthetho uthi iwele lokuqala kumele lenziwe umnikelo konkulunkulu.

Inkosi ngokubona usizi lwendlovukazi, yathi, “Ukusukela namhlanje, uma amawele esezelwe, bobabili abantwana bazophila.”

Abantu bajabula kodwa kwakungesiye wonke umuntu owayethokozile ngomthetho omusha wenkosi.





Lawa mantombazane amancane akhula kahle. Ngelinye ilanga uMkabayi wayedlala izinduku wahlula umfana owayexhaphaza izingane.

“Hamba, ntombazanendini eqalekisiwe!” kusho umfana.

“Buya, Mkabayi!”

UMkabayi wakhala ebalekela ehlathini okwakuhlala kulo izipoki ezithusayo uHornhead noLongtom.





UMmama wema ethe du waze
wavala amehlo.

Umlingo wobunye bamawele yiwona
owaholela uMmama kudadewabo.

“Akekho umuntu ofuna ukudlala nami, ngiqalekisiwe! Kukhala uMkabayi.

“Ngifuna ukudlala nawe,” kusho uMmama.





“Sizoba nesidlo esimnandi sasebusuku namuhla Longtom,” kusho uHornhead.

UMkabayi wathatha induku.

“Awukwazi ukubulala izipoki ngenduku!” kuhleka uLongtom.



“Kunjani lokhu?” kusho uMmama, ephakamisa isandla sakhe.

Kwaduma izulu izipoki zashaywa wumbani, lapho ifu lothingo lwenkosazana livikele amantombazane.



"Ukwenze kanjani lokho?" kubuza uMkabayi.

"Ngale ndlela oshaye ngayo loya mfana!" kusho uMmama.



Amantombazane abuyela ekhaya ethokozile, azi ukuthi noma ngabe kwenzakalani bayakwazi ukuvikelana.

